

## ISITATIMENDE SABEZINDABA NGEZINGXOXO PHAKATHI KUKASARS NEZINYUNYANA

**22 kuNhlaba 2022** - Ubuholi boPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eeqoqwayo (SARS) buhlangane Nezinyunyana ebezemelwe yi-National Education Health and Allied Workers Union (NEHAWU) kanye ne-Public Servants Association of South Africa (PSA) ukuzothola isisombululo ezindabeni izinyunyana ezizibona ziyingxabano.

Sibazisile abaholi bezinyunyana zombili ukuthi lokhu okuyizimfuno zabo okuyi-CPI + 7% ngeke sikhazi ukumelana nazo.

Njengazo zonke izikhungo zikahulumeni, uSARS nawo uchaphazelwe izinselelo zezimali izwe elibhekene nazo, ngenxa yalokho-ke, ezimalini uSARS ozabelwa uMgcinimafa Kazwelone, ayikho ebizohlinzekela ukunyuswa kwamaholo. Ngendlela yabo yokuqaphela ekulawuleni izindleko, nezinye izinhlelo, ngalokho uSARS uzokwazi ukwenza kube nemali abazokwazi ukuyinika izisebenzi ezingaphansi kwenkethabakhulunyelwa i-Bargaining Unit.

Lezi zimali zivela emalini esiyongile onyakeni owedlule (2021/22) kanjalo nakule okubonakala ukuthi sizokwazi ukuyonga kulo nyaka ophezulu (2022/23) esinikwe igunya lokuyisebenzisa ezindlekwani zabantu. UKhomishana Kieswetter uthe: "Kuyintokozo kimi ukuthi ngaphansi kwezimo ezinzima kangaka siyakwazi ukuhlinzeka usizo lokwehlisa umthwalo wezimali ezisebenzini zethu. Ngikhumbuza izisebenzi zethu ukuthi sinenhlanhla ngokwedlulele ngokuthi sisasebenza ngesikhathi lapho abaningi bengasebenzi futhi bentula ngokwezimali."

Emva kokuhlala kwesithangami esiphuthumayo nezinyunyana i-National Bargaining Forum ngoMgqibelo, mhla zingama-21 kuNhlaba 2022, izinyunyana zaziswa ngesiphakamiso somqashi zase ziqala izingxoxo noSARS ngezindlela okuzokwabiwa ngayo le mali ekhona ekusizeni ukwethula umthwalo kuzisebenzi, nangemizamo yokusombulula lolu daba.

USARS wenze lesi siphakamiso ngokusemthethweni ezinyunyaneni ngeSonto, mhla zingama-22 kuNhlaba 2022, njengesivumelwano sokugcina esiqeda udaba lokunyuswa kwemiholo yonyakamali 2022/23 Substantive Wage Negotiations, okungenanhloso yokubandlulula. Izinyunyana zizokhulumisana namalungu azo ukuze zithole umyalelo, emva kwalokho sizohlangana futhi kuqhutshewi nezingxoxo.

USARS uphinde wazinikela ekuqhubeke ni nezingxoxo ngezinye izinto ezingeyona imali okukhulunye ngazo, ukuze kubukezwe kuphinde kwenziwe ngcono imihlomulo yokugcina izisebenzi enkampanini. Le nqubo iqale maphakathi nonyaka wonyaka owedlule.

Ubuholi bakwaSARS buyathokoza ngokuvuseleleka kwezingxoxo phakathi kwezinhlango ngodaba lwemiholo, kanti futhi bunethemba lokuthi kuzoba okwakhayo

nokuyimpumelelo. Sisenethemba lokuthi lokhu esikubeke etafuleni, ngakho singakwazi ukusombulula lolu daba bese siphubekela phambili sigxile ekusizeni abakhokhintela senze nokuyiwona myalelo wethu osemqoka wokusiza.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)

IYAPHELA